



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2014

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-11.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisia	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Fundisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasin ELISHA.
5. Bhala izinombolo zezipendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-45
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-25

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISA**

- 1.1 Fundisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (Ofundwayo)**AMAGUGU ESIZWE ESIMNYAMA**

- 1 Zonke izitshalo ezingaphansi komthunzi welanga zidinga izimpande ezizoncela ngazo amanzi ukuze zizokhula zidlondlobale. Yingakho izitshalo zingeke zaphila ngaphandle kwezimpande.
- 2 Isizwe naso-ke ngeke saba nekusasa ngaphandle kwezaguga, shiso phela izalukazi namakhehla, ezinalo lonke ulwazi oludingwa yindlu emnyama ukuze ibuyele endabukweni yayo. Kuphi lapha? Zona lezi zalukazi namakhehla seziyaxoshwa emakhaya. Ziyathathwa ziyohlaliswa ekhaya labadala zingaphinde zinakwe yilabo bantu abazilethile ngoba bethi ziwhulupho. Wake wakubonaphi lokho endlini emnyama? Kudala izaguga bezithandwa, zinakekelwa zize zihudulwe nangezikhumba ziyothanyeliswa ilanga. Kwakwenziwa konke lokhu ngoba zingamagugu esizwe futhi ziwumthombo wolwazi oluncelwa kuzo.
- 3 Ziningi izinto ezingamagugu esizwe esimnyama kodwa eseziyahleka ngenxa yokuthi isizwe esimnyama silahle okwaso sathatha okwezinye izizwe. Ngabe zonke lezi zinto esesizibonayo zizinhle zafika nabamhlophe? Akunjalo. Abamhlophe bafika isizwe esimnyama sinazo lezi zinto ezingamagugu futhi sizigqaja ngazo. Ekufikeni kwabo bafika bayifaka kancane kancane imfundisoze egcine yenza abantu abamnyama bazenyeze futhi babukele phansi izinto zabo ezingamagugu.
- 4 Ukuba ngumlimi akuqalangwa ngabantu abamhlophe. Abamhlophe bafika kuleli abamnyama benodedangendale bamasimu ababelima kuwona. Babevuna izitshalo ezikhethekile nezinempilo ezivela emhlabathini. Lokho kudla okwakuphuma kulawo masimu kwakunempilo nomsoco ngoba kwakukhuliswa ngenhlabathi evundiswe ngomquba otholakala emfuyweni. Yingakho-ke abantu babephila, beyimiqemane, bengadinge dokotela ngoba impilo yabo yayingacikizeli. Akusenani-ke ngoba uhulumeni useyazama ukubuyisela abantu imihlaba yabo eyayithathwe ngesikhathi sobandlululo.

- 5 Umfana osengayo ubukelwa phansi futhi abe yihlaya nakontanga yakhe. Akugcini ngalokhu ngoba nobisi olusengwa kuzo lezi zinkomo alusathandeki. Selubukeka sengathi lunamagciwane. Uzibuze ukuthi kungani ehlekwa ngoba abamhlophe abanamapulazi bayasenga. Isizwe esimnyama sijabulela ukuthenga ubisi oselusengwe abamhlophe kuzo njalo belu izinkomo abazifica kuleli kungezabansundu bese belubiza ngamagama amahle anempucuko.
- 6 Umnumzane nomnumzane wayefuyile izinkomo, izimvu, izimbuzi, izinkukhu, amahhashi nezimbongolo. Lowo mnumzane wayehlonishwa ngemfuyo anayo esibayeni. Yayibuye isetshenziswe ekulimeni. Ibuye isetshenziselwe ukuhamba amabanga amade njengamahhashi nezimbongolo. Akekho umuntu owayebulawa yindlala ngoba abantu babephilisana, kungekho obukela omunye phansi. Abantu babekwazisa ukuthi izandla ziyyagezana. Umnumzane owayengafuyile wayessiselwa ngesithole ukuze sizozala kufihleke ubuze bakhe. Phela ihlazo lomuntu oyedwa kwakuba ihlazo lomphakathi wonkana. Yingakho lalisatshwa.
- 7 Kuningi okushiwoyo mayelana nesayensi. Abantu abamnyama nabo babenayo isayensi yabo. Babenesiphiwo sokwazi kabanzi ngezulu kanye nokwelapha izifo ezinhlobonhlobo. Izangoma zazibhula zishaya amathambo kuvele ukuthi umuntu uphethwe yini. Emva kwalokho ziyyobe sezimyalela inyanga ethize ezokwelapha isifo sakhe. Izinyanga zazisebenzisa izihlahla zendabuko ukuze zithake amakhambi ayesishaya isifo siphele nya. Kuye kumangaze-ke uma uthola umuntu omnyama egxeka izinyanga ethi uzoya kodokotela ngoba izinyanga izinalo ulwazi olunzulu lwesayensi. Mehluko muni okhona phakathi kwenyanga kanye nodokotela ngoba bobibili basebenzisa amakhambi? Indlu emnyama yayifundisana ngezindlela zokugwema izulu. Yayixwayisana ngokumele kungenziwa uma kuduma izulu. Izinyanga zazibuye zinikezele ngezinduku zokuvimba izulu okuthiwa abafana. Ngenxa yokubukela phansi lolu lwazi endlini emnyama, sekuvamile ukuzwa ngezinhlakelele zombani oqeda abantu.
- 8 Abantu abanangi bebenenkolelo yokuthi izindlu zesintu ezakhiwe noma ezifulelwе ngotshani ziyyisidala. Esikhathini esiningi abantu ababehlala kulezi zindlu bebebukelwa phansi futhi bethathwa njengabahluphekayo kodwa-ke osekumangaza sezandile lezi zindlu. Seziyahlotshiswa zibizwe ngamagama kuthiwe 'amalapa'. Azigcini nje ngokuthi zibe semfashinini kodwa ezinye zazo ziba ngamahhotela, izindawo zokosa inyama, izindawo zokungcebeleka, njalonjalo. Abanikazi balezi zindlu bazenzela itshe lemali.

9	Ukuhloba kwesintu akusona isidala. Kuyamangaza ukuthi abantu bayazenyenza ngokugqoka izimpahla zendabuko. Usuyaye ubone ngedlanzana nje labantu abaggoka izimpahla zendabuko ngenyanga yokugubha amasiko. Angeke nje ubone intombi izigqokele isigege sayo, iringqa amabele ayo ngaphandle. Phela abantu bangakuza umhlola ngoba sekwaphilwa ngobulwane. Inhlonipho ayisekho sekwagcwala abadlwenguli abaze badlwengule ngisho nezalukazi uqobo.
10	Awanakekelwe futhi alondolozwe amagugu ngoba isizwe siyisizwe ngamagugu aso!

- 1.1.1 Kungani umbhali ethi, 'isizwe ngeke sakwazi ukuphila ngaphandle kwezalukazi namakhehla'? Bheka isigaba sesi-2. (1)
- 1.1.2 Chaza indlela abelungu abaphumelela ngayo ukulutha abantu abamnyama mayelana namagugu abo. (3)
- 1.1.3 Qhathanisa okufanayo ngokubaluleka kwezalukazi namakhehla kanye nemvelo ngokwalesi siqephу. (2)
- 1.1.4 Umkhuba wokusisela odalulwe esigabeni sesi-6, ukhombisani ekuphilisaneni kwabantu? (2)
- 1.1.5 'Usuye ubone ngedlanzana nje labantu abaggoka izimpahla zendabuko ngenyanga yokugubha amasiko.'
- Inyanga yokugubha amasiko eNingizimu Afrika ibizwa ngo ...
- Khetha impendulo EYODWA eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo.
- A Mandulo
 B Masingana
 C Maquba
 D Mbasa (1)
- 1.1.6 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-6 sikwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho lesi siqephу. (2)
- 1.1.7 Chaza ukuthi kungaba namphumela muni esizweni esimnyama ukukhohlwa izinto ezithinta indabuko yaso? Sekela impendulo yakho. (3)
- 1.1.8 Kusiza ngani ukuthi uhulumeni abuyisele umhlaba owawuthathwe ngesikhathi sobandlululo kubanikazi bawo? (2)
- 1.1.9 Funda isigaba sesi-9 uhlaziye imizwa yombhali emayelana namagugu esizwe esimnyama bese uveza umbono owakho. (4)

KANYE NO

- 1.2 Bukisia lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (Obukwayo)



- 1.2.1 Zakhwiwe ngani izindlu ezikulesi sithombe? (1)
- 1.2.2 Nikeza amagama ezikhali ezivezwe esithombeni ezisetshenziselwa lokhu:
- Ukuvika nokubhula.
 - Ukufakwa ehawini.
 - Ukulwa. (3)
- 1.2.3 Ucabanga ukuthi isimo sokukhuluma esisetshenziswe esihlokweni salesi sithombe, sinabudlelwane buni ekuqondeni kwakho lesi sithombe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.4 Ngolwazi olutholile ekufundeni indaba eMBHALWENI A kanye nasekubukeni isithombe esiseMBHALWENI B, chaza ngenhlosi yale mibhalo. (2)
- 1.2.5 Ngokufunda indaba eseMBHALWENI A kanye nokubuka isithombe esiseMBHALWENI B, ngabe kukugqugquzele kanjani ukuthanda ukuhloba ngemvunulo yesintu? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) sikhulumu ngokubaluleka kwezimpawu.

UMBHALO C**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezimpawu ezahlukahlukene empilweni yomuntu ngamagama akho angedluli kwangama-70.
2. Ungasifingqa ngamaphuzu ayisi-7 noma ngesigaba/ngezigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Uma usebenzise amaphuzu ekufingqeni kwakho, izinombolo zamaphuzu mazibhalwe kanje: 1–7.
5. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

IZIMPAWU ZIYAKHULUMA

Izimpawu ziyinkomba yendlela ethile eqhakambisa ubuhle noma ububi. Okuthandekayo ngezimpawu ukuthi zikhuluma zithule zingathanga vu. Kubonakala ngomuntu eyobayoba encishelwa yisikhundla kanti uselubonile uphawu. Amehlo-ke atshela inhlizyo. Uma njalo engalunakanga wangalushaya mkhuba lolo phawu, uyazi yena ukuthi kuzokwenzekani.

Yinhle inkosikazi enezimpawu zobukhosikazi. Inkosikazi kumele ibe nesizotha kanye nenhlonipho. Kwesinye isikhathi kuyaye kube nzima ukwenza lokhu. Umame onenhlonipho emndenini kanye nasendaweni aganele kuyo uthandwa yinoma ubani. Ayibukeki inkosikazi ehamba igcugca imizi yabantu ngoba igcina islandelwe yizindaba ngaleylo ndlela iphelelwu ukuhlonipheka.

Intshebe uphawu olusobala olwenza indoda yehluke ezinhlotsheni eziningi zabantu. Uma ingenalo lolu phawu kuthiwa yinduna yabafazi. Intshebe akuyona into yokubhucwabhwucwa. Uma umuntu usumdonisa ngentshebe sisuke sesiphele nya isithunzi sakhe. Umnumzane onentshebe uyashesha ukuphawuleka ngisho ephakathi kwamanye amadoda.

Amabele amile athe mpo awuphawu lwentombi nto. Lolu phawu luyenza ihluke intombi kwezinje izintombi. Insizwa uma ike yabona amabele entombi amile izibika entombini noma ingaqondile. Lolu phawu yilona futhi intombazana edla ngalo nakontanga.

Izimpawu zomhlengikazi uthando, ukubekezelu kanye nokuqhili ka kwezihlathi. Ziyafa iziguli ngenxa yokuhlangabezana nabahlengikazi abangenazo izimpawu zobuhlengikazi. Unesi onobuso obunyukubele nobungakhombisi umusa uba yinkinga ezigulini. Isiguli size sishone singasindile.

Yilowo nalowo muzi kumbe leso naleso sibongo sinophawu Iwaso.Uma ingane ihlupha ikhala njalo, noma iyisinyemfu esehlula ukwenza, uzwa abaziyo sebethi idinga uphawu. Imvamisa yophawu lomuzi lufuna igazi. Kuchitheka elesilwane kuchitheke elengane. Phela abanye basika ubuso kuchitheke igazi. Abanye banqume ucikicane kuchitheke igazi. Yizo-ke lezi zimpawu abantu bandawonye ababonana kumbe bazwane ngazo.

Kungakhulunywa nje ngezimpawu, kodwa uma sekubhekwa ezobuholi sekumele kuthiwe ukuzotha. Umholi unophawu olungechazeke, uphawu olusegazini. Uphawu lobuholi lwenza ukuthi uma lowo muntu ekhulumu kuthi nya kulalelw yena. Lona ngumuntu ongeke agqolozelwe emehlweni. Akukhathaleki ukuthi umholi ungakanani kodwa ubuhlakani, isithunzi, isizotha nolimi lwakhe kwaziwe ukuthi umholi lo.

AMAMAKI ESIQEPU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisa lesi sikhangisi (UMBHALO D OFUNDWAYO NOBUKWAYO) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

- 3.1 Yiliphi isu elisetshenziswe umkhangisi egameni lalo mkhiqizo ukuheha abathengi bawo? (2)
- 3.2 Yisho ukuthi lesi sikhangisi sibhekisiswe kobani. (2)

- 3.3 Ngabe lifakelweni ifulegi laseNingizimu Afrika kulesi sikhangisi? (2)
- 3.4 Ucabanga ukuthi kungani umkhangisi exwayise abathengi ngomuthi oxutshwe notshwala kanye nongaxutshwanga notshwala? (2)
- 3.5 Ake uncome impumelelo yomkhangisi ekusebenziseni ulimi esikhangisweni sakhe. (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUQONDISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

Bukiswa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (IKHATHUNI)



- 4.1 Shono ukuthi ukusetshenziswa kwefonti enkulu kanye nophawu lokubabaza kule khathuni kukhombisani ngomama uRuby. (2)
- 4.2 Qhathanisa okufanayo enkulumeni kamama uRuby kanye nesihloko esivela ephephandabenai mayelana nodlame ezikoleni. (2)
- 4.3 Chaza imbangela eyenza ukuba uThemba abukeke emangele kule khathuni. (2)
- 4.4 Ucabanga ukuthi ukufakwa kwesikhali esiyibhomu lesandla kule khathuni kugudliselani ngodlame olukhona ezikoleni? (2)
- 4.5 Hlaziya umyalezo othulwa yile khathuni ubhekise emazwini kamama uRuby kanye nasembhalweni okhulumu ngodlame nokukhuluphala ezikoleni. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: UHLELO KANYE NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBHALO F**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kunohlelo **Io konga** imali ebhange olubizwa ngokuthi ama-unit trusts. Le **nkece** ngefakwa ukuze ithenge amasheya ezinkampanini ezahlukene ngenjongo yokwenza inzuko. Abaziyo bakushayela ihlombe ukulondoloza okunenzozo ethe thuthu. Uma izinkampani zifuna ukwandisa imali yazo ukuze zifeze izidingo, zivulela umphakathi ukuba ube yingxenye yenkompani ngokuthi ukhiphe imali ethile. Ukuthenga ukuba yingxenye yaleyo nkampani kubizwa ngokuthi wukuthenga amasheya. Umuntu othenga amasheya uzuza amankonyane. Lawo mankonyane yimali ethile ayithola ngokuboleka inkampani imali yakhe. Ayisheshi-ke ukuphuma leyo mafalakahla, kuba isikhathi esithile ebésinqunywe yinkampani futhi leyo mafalakahla isuke 10 izosuselwa enzuzweni eyotholakala.

Ukuthatha umshwälense kusengenye indlela yokonga. Lokhu kulondolozwa kwemali kungaba nezinhloso ezahlukene okungaba ukuqinisekisa ikusasa eliqhakazile, ukuqinisekisa ngokuthi oshonile akhokhelwe okanye kube ukukhokhelwa ngempahla elahlekile. Kuba khona isivumelwano-sibopho, lokhu 15 okubizwa ngepholisi phakathi kothathe umshwälense kanye nenkompani yomshwälense. Kuyaye kuthiwe umshwälense uvuthiwe uma sesifikile isikhathi okwakunqunyelwene ngaso. Umuntu ophile saka angasala kanjani-ke engenalwazi lwemali kanye nokongiwa kwayo uma ulwazi ngemali **liwundab' uzekwayo**.

20

- 5.1 Lungisa iphutha elisemagameni abhalwe ngokugqamile asemgqeni wokuqala. (1)
 - 5.2 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe egameni elisemgqeni we-11 siqukethe mqondo muni. (1)
 - 5.3 Igama elibhalwe ngokugqamile elisemgqeni wesi-2 likhomba ukuhlonipha. Nikeza igama elihlonishwa yileli gama usulisebenzise emshweni ozakhele wona. (2)
 - 5.4 Phinda ubhale umusho odwetshelwe osemgqeni wesi-3 kuya kowesi-4 ususebenzise igama 'ukulondoloza' njengenhloko yomusho. (2)
 - 5.5 Kulo musho 'Umuntu othenga amasheya uzuza amankonyane' otholakala emgqeni wesi-7 ukuya kowesi-8, khapha umusho omkhulu kanye nomushwana okhonzi ochazayo. (2)
 - 5.6 Isisho esibhalwe ngokugqamile emgqeni wama-20 ngabe sisetshenziswe kahle yini? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70